

UMNYANGO EMKHANKASWENI WOKUNAKEKELWA KWEMFUYO EMNAMBITHI

LONDIWE MASHUKU NGIDI

ODOKOTELA bezilwane abasebenza ngaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali baphume kobuningi babo eMnambithi, lapho behambela imiphakathi entulayo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi le miphakathi iyazinakekela izilwane ezifuyile.

Lo mkhankaso wenziwa zinyanga zonke ngokusebenzisana nezinhlangano zabalimi bakuleya ndawo ukubasiza ngokubahlinzeka ngemithi nemigomo abayidingayo ukuze balwe futhi bavikele imfuyo nezilwane zabo ekuthelelekeni ngezifo.

Odokotela bezilwane baphuma nezinsiza kusebenza zokwelapha izilwane ezahlukene futhi bafundisa abalimi ngezindlela zokunakekela izilwane zabo.

Imiphakathi iyazuza kakhulu ngalolu hlelo lwamahhala njengalokhu bekwazi ukuletha izinkomo, izimbuzi, amakati kanye nezinja ukuba zizogoma, izinkomo zifakwe uphawu olukhombisa ukuthi ubani umnikazi wazo, ukuthenwa, ukulashwa kwezilwane ezigulayo, ukuthola amavithamini kanye nokuthola imithi yokubulala izimpethu.

“Isilwane esiphilile sikwazi ukumelana nezifo siphinde sikwazi nokululama ngokushesha uma singaphilile. Isilwane esingaphilile sisebenzisa imali nesikhathi esiningi somlimi noma umnikazi wesilwane. Kuye kudingeka ukuthi umnikazi walesisilwane athenge imithi, amasirinji nemijovo. Ingakho uMnyango uqhuhquhuzela abantu bonke bagcine izilwane zabo ziphilile,” kusho uDokotela Saadiya, ongomunye wabafundi abaqashwe uMnyango ukuzothola isipiliyoni sokusebenza kulo mkhakha wokwelapha izilwane.

Izifundo abaphume nazo abalimi ukuthi Imishanguzo isheshe isebenze uma inikezwe ngesikhathi, yingakho kubalulekile ukuthi umnikazi wesilwane asheshe abone uma singaphilile ukuze asheshe athole usizo. Ukubona ukuthi isilwane sakho siphethwe yini, kubalulekile ukubheka izimpawu ezitshengisa ukuthi isilwane sinasiphi isifo.

“Isilwane esiphilayo sidla ukudla ngesikhathi esifanele, siyanyakaza emini sihambe sifuna ukudla, amanzi nompheme. Sihamba nezinye izilwane asihambi sima sodwa, asihambi sixhuga noma sihambe siphefumulela phezulu. Sinamehlo ahlanzekile amhlophe akhanyayo.” kuchaza uDr Saadiya.

Enye yezinto abazibalule kakhulu kubafuyi bezinja namakati ukubaluleka kokuthena. “Ukuthena indlela ejwayelekile yokuqeda inzalo kwinja yesilisa neyesifazane. Isizathu

sokuthena ukulawula inani lezinja namakati kulomphakathi,” kusho Dkt Percy Morake, ongungoti ofunde kabanzi ngokuphathwa kwezifo ezithile zezilwane.

Kugqunguzelwe abafuyi abanezinja namakati ukuthi baqaphele isifo samarabi esigcina siholele ekufeni komuntu noma isilwane esinaleso sifo.

Izimpawu zehlukene futhi zibandakanya ushintsho esimweni esiyona, ukuba nochuku, ukuba namathe amaningi nokukhubazeka komzimba okuphazamisa indlela yokuhamba.

Igciwane lalesi sifo ligcwala kakhulu ematheni ezilwaneni ezinalesifo.

Ukusinqanda lesi sifo samarabi kuxhwayiswa umphakathi ukuthi ugome izinja namakati azo nezinye izilwane. Kufanele futhi ungavumeli izilwane zibe luvanzi emgwaqeni kanye nokubika noma ingani abakusolayo ngezilwane endaweni ebhekelele ukwelashwa kwezilwane noma emaphoyiseni.

“Uma ulunywe yinja hlanzisisa isilonda ngesibulali magciwane, futhi phuthuma ngokushesha uyobonana nodokotela noma uye emtholampilo, xhumana ngokushesha nesikhungo sikahulumeni esibhekele ukwelashwa kwezilwane,” kusho uMorake.